Isifundo 2

**Ntulikazi 7-13*

IPhentekoste

NgeSabatha Ntambama

Kuleliviki Funda ku:
IZenzo 2:1-4, Johane 14:16, IZenzo 2:5-13, Joweli 2:28-32, IZenzo 2:22-39, iHubo 110:1-3.

Indimana Yekhanda:
"UJesu lo uNkulunkulu wamvusa, esingofakazi bakho thina sonke; ngakho ephakanyiselwe ngakwesokunene sikaNkulunkulu, usamukele kuYise isithembiso sikaMoya oNgcwele, wakuthulula lokhu enikubonayo nenikuzwayo" (IZenzo 2:32, 33).

Phentekoste yigama elithathelwa kwelesiGriki elithi pentekoste,elisho uMkhosi wamaSonto enkolweni yamaJuda (Eks. 34:22) ophinde waziwe ngokuthi uMkhosi woLibo (Num. 28:26). Leligama lisho "okwamashumi amahlanu" kanti liqhamuka ekutheni lomkhosi wawugujwa ngosuku lwamashumi amahlanu kusukela ekunikelweni kwesithungu sikabhali ngosuku lokuqala ngemuva kwePhasika. Kwakulusuku lwentokozo nokubonga, lapho abakwaIsrayeli babeletha phambi kukaJehova izithelo zolibo noma isivuno sikakolweni" (Eks. 34:22, NIV). Lomkhosi-ke waba umfanekiso ofanelekile wesivuno sokuqala sakwamoya sebandla lobuKrestu, ngenkathi uMoya oNgcwele ethululelwa ngamandla ukwedlula zonke iziwombe zangaphambili, kwaze kwabhabhadiswa izinkulungwane ezintathu zabantu ngosuku olulodwa (IZenzo 2:41). Ukulandela ukwenyuka kukaJesu nokuphakanyiswa kwaKhe ezulwini, lokhu kuthululwa kukaMoya kwakuyisigameko esisheshayo nesiyisimangaliso, esaguqula abaphostoli ekubeni abantukazana baseGalile, baba amadoda aqotho nanesibindi, ayezoshintsha umhlaba. IPhentekoste like libizwe ngokuthi usuku lokuzalwa kwebandla, isikhathi lapho abalandeli bakaKrestu, amaJuda, (nabezizwe kamuva), babekwa ngokusemthethweni njengomphakathi kaNkulunkulu emhlabeni.

**Funda isifundo saleliviki ukulungisela iSabatha lika Ntulikazi 14.*

Ukufika kukaMoya

Ngokulalela umyalo kaJesu, abazalwane balindela eJerusalema isithembiso sikaMoya, futhi balinda ngomthandazo onamandla, ukuphenduka kweqiniso, kanye nokudumisa. Kwathi selufika usuku, "babebuthene ndawonye" (IZenzo 2:1), mhlawumbe kwakuyilona lelogumbi elikhulu lakwiZenzo 1. Kungekudala kodwa, babezothuthela endaweni esesidlangalaleni (IZenzo 2:6-13).

Funda kuZenzo 2:1-3. Yiziphi izehlakalo zezulu ezahambisana nokuthululwa kukaMoya na?

Isimo sasishubile. Kuqala, kwaba khona ngokushesha umsindo uvela ezulwini, unjengokuvunguza okukhulu kwesiphepho, wagcwala yonke indlu, kwalandela okwakufana namalangabi omlilo okwehlela phezu kwababelapho. EBhayibhelini, umoya nomlilo kuvame ukumataniswa nokusebenza kwamandla ezulu (isibonelo, Eksod. 3:2, 19:18, Duter. 4:15). Ngaphezu kwalokho, umoya nomlilo kungasetshenziselwa ukumela uMoya kaNkulunkulu (Johane 3:8, Math. 3:11). Ngesikhathi sePhentekoste, noma ngabe zazisho ukuthini lezehlakalo, zaziyizibonakaliso ezingenisa isikhathi esikhethekile emlandweni wosindiso, ukuthululwa kukaMoya okwakwethenjisiwe.

UMoya wayelokho esebenza vele. Ukusebenza kwaKhe ebantwini bakaNkulunkulu ngezikhathi zeTestamente eliDala kwakuvame ukubonakaliswa ngendlela enamandla, kodwa hhayi ngokugcwele. Manje, ngokulalela izwi loMsindisi, abafundi basithandazela lesisipho, noKrestu ezulwini wenezela okwaKhe ukunxusa. Wasicela isipho sikaMoya ukuze azosithululela ebantwini baKhe."—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles*, p. 37.

UJohane uMbhabhadisi waphrofetha ngokubhabhadiswa ngoMoya okwakuzokwenziwa uMesiya ozayo (Luka 3:16; qhathanisa neZenzo 11:16), kanti naYe uJesu wakhuluma ngakho izikhathi eziningi (Luka 24:49, IZenzo 1:8). Lokuthululwa kwakuyisenzo saKhe sokuqala sokuncengela abantu phambi kukaNkulunkulu (Johane 14:16, 26; 15:26). NgePhentekoste, sagcwaliseka isithembiso. Nakuba ukubhabhadiswa ngoMoya ngePhentekoste kwakuyinto eyingqayizivele ehlobene nokunqoba kukaJesu esiphambanweni nokudunyiswa kwaKhe ezulwini, ukugcwaliswa ngoMoya amava adinga ukuphindaphindeka njalo ezimpilweni zabakholwayo (IZenzo 4:8, 31; 11:24; 13:9, 52; Efe. 5:18).

Unabufakazi-buni bokusebenza kukaMoya empilweni yakho na?

Isipho Sezilimi

KuZenzo 2:4, isipho sikaMoya sabonakaliswa ngokukhuluma ngezilimi. Kodwa, lesisipho sasiyindlela eyodwa phakathi kweziningi zokubonakaliswa kukaMoya (IZenzo10:45, 46; 19:6). Ezinye zihlanganisa ukusho lokho okuzokwenzeka esikhathini esizayo (IZenzo 11:28), imibono (IZenzo 7:55), inkulumo ephefumulelwe (IZenzo 2:8, 28:25), ukuphulukisa (IZenzo 3:6, 12; 5:12, 16), kanye nokuqeqeshelwa umsebenzi (IZenzo 6:3, 5). Isipho sezilimi ngePhentekoste asenzekanga ngoba kuyisona esiyohlala senzeka noma ngoba kuyibona bufakazi obubaluleke kakhulu besipho sikaMoya. Sabonakaliswa ukuze kusungulwe umsebenzi webandla emhlabeni wonke. Okusho ukuthi ubizo olukwiZenzo 1:8 lwaludinga isipho sezilimi. Uma abaphostoli kwakudingeka ukuthi basebenze phakathi kwezinhlobo ezihlukene zabantu baze bafinyelele emikhawulweni yomhlaba nevangeli, babezodinga ukukwazi ukukhuluma izilimi zalabo ababedinga ukuzwa ukuthi bathini.

Funda kuZenzo 2:5-12. Yibuphi ubufakazi bokuthi ngePhentekoste abaphostoli babekhuluma ngezilimi ezikhona ngempela zakwamanye amazwe?

_____

_____

_____

_____

Kulinganiselwa ukuthi ngomnyaka-khulu wokuqala kwakukhona amaJuda angu 8 million kuye ku 10 million emhlabeni, nokuthi amaphesenti angu 60 kuwona ayehlala ngaphandle kwelaseJudiya. Kodwa, abaningi ababeseJerusalema emkhosini, babevela emazweni akude, futhi bengakwazi ukukhuluma ulimi lwesi Aramaic, ulimi olwalukhulunywa amaJuda aseJudiya ngaleso sikhathi. Akungatshazwa ukuthi abaningi abaphenduka ngePhentekoste babengamaJuda avela emazweni ehlukene, manje abathola ukuzwa ivangeli ngezilimi zabo. Ukuthi abaphostoli babekhuluma ngezilimi ezikhona ngempela, hhayi ukukwitiza nje, sikubona ngokusetshenziswa kwegama elithi dialektos (IZenzo 2:6, 8), okusho ulimi lwesizwe noma isifunda (qhathanisa neZenzo 21:40, 22:2, 26:14). Ngokusobala-ke, babekhuluma ngezilimi ezihlukene. Isimangaliso ukuthi abantukazana-nje baseGalile base bekhuluma ulimi ababekade bengalwazi imizuzwana-nje ngaphambi kwalokho. Kulawo maJuda asendaweni akubona konke lokhu kodwa engazazi lezizilimi, avele akuchaza ngokuthi abaphostoli badakiwe, bakwitiza into engenamqondo. "Abanye kodwa bababhuqa bathi 'Bagcwele iwayini elimnandi' " (IZenzo 2:13).

Ukubonakaliswa okunamandla kukaNkulunkulu kwenzeka phambi kwamehlo abo, kodwa labantu bathi ukudakwa? Singaqiniseka kanjani ukuthi thina singabi yizimpumputhe ngokukamoya ngendlela enjalo na?

Intshumayelo kaPetru

Ukusolwa ngokuthi badakiwe kwanika uPetru ithuba lokuchaza okwenzekayo. Enkulumweni yakhe, umphostoli waqala ngokucaphuna iMibhalo (IZenzo 2:16-21), echaza ukuthululwa kukaMoya njengokugcwaliseka kwesiphrofetho.

Qhathanisa IZenzo 2:17 noJoweli 2:28. UPetru wasiqonda kanjani isikhathi sokugcwaliseka kwesiphrofetho sikaJoweli na?

_____

_____

Isiphrofetho sikaJoweli sasikhuluma ngesikhathi esizayo sokusindiswa(Joweli 2:28-32). Ngokuhumusha isigameko sePhentekoste ngokwalesi phrofetho, uPetru wayehlose ukugcizelela ukuthi sase sifikile isikhathi salokho. Kodwa kukhona umehluko obalulekile endleleni acaphuna ngayo uJoweli. Esikhundleni sesingeniso sikaJoweli esithi "kuyakuthi ngasemuva" (Joweli 2:28), esasikhomba esikhathin esizayo, uPetru wathi "kuyakuthi ezinsukwini zokuphela" (IZenzo 2:17), esho ukuthi isenzo sokugcina kulomshikashika omkhulu wosindiso sesiqalile. Nokho-ke, lokhu akuchazi ngokugcwele izigameko zezinsuku zokugcina, kodwa ubufakazi bomoya wokuphuthuma owawusebandleni langaleso sikhathi. Babengazi ukuthi isiphelo siyofika nini, kodwa babeqinisekile ukuthi ngeke sibe kude.

Funda IZenzo 2:22-32. Yiliphi iphuzu eligqamile entshumayelweni kaPetru?

_____

Ngemuva kokugqamisa okushiwo yisiphrofetho ngePhentekoste, uPetru uphendukela ezigigabeni zakamuva zasempilweni kaJesu, ukufa kwaKhe kanye novuko. Uvuko kodwa alugcizelela kakhulu, njengoba lumele ingqikithi yendaba yevangeli. KuPetru, uvuko kwakuyisona senzo esikhulukazi esifakazela uJesu (IZenzo 2:22, 27), futhi wacaphuna iMibhalo ukugcizelela iphuzu lakhe ngokuthi kusho ukuthini ukuvuka kweNkosi. Ngenxa yokuthi uJesu unguMesiya, wayengeke agqilazwe ukufa. Kanjalo-ke kuPetru nabo bonke ababhali beTestamente eliSha, uvuko lukaJesu lwaba ubufakazi obunamandla, kungesikho kuphela-nje bokuthi uJesu unguMesiya, kodwa nobesigijimi sonke sobuKrestu sosindiso.

Njengoba ukufa kusihanqe nhlangothi zonke-nje, kusesabisa thina nabathandiweyo bethu, uvuko lukaJesu kungani luyiqiniso elibaluleke kangaka na?

_____

Ukuphakanyiswa kukaJesu

“Ngakho ephakanyiselwe ngakwesokunene sikaNkulunkulu, esamukele kuYise isithembiso sikaMoya oNgcwele, wakuthulula lokhu enikubonayo nenikuzwayo” (IZenzo 2:33).

Esigabeni sesithathu senkulumo, uPetru wabuyela odabeni lwezilimi, olwalukade ludonse abantu kwasekuqaleni. Esikhundleni sokuba babedakiwe, okwakuzokuba into engavamile ngehora lesishiyagalolunye ekuseni (IZenzo 2:15), abazalwane babekhuluma ngezilimi ngoba uMoya oNgcwele wayesanda kuthululwa evela ezulwini.

Funda IZenzo 2;33-36. Kunakuxhumana kuni phakathi kokuphakanyiswa kukaJesu ngakwesokunene sikaNkulunkulu nokuthululwa kukaMoya na?

_____

_____

_____

Isandla sokunene sikaNkulunkulu isikhundla segunya (iHubo 110:1-3). Inkulumo kaPetru, eyayisekelwe yiMibhalo, ithi kungenxa yokuthi uJesu wayephakanyiselwe esikhundleni esinjalo ezulwini ukuthi wathulula uMoya phezu kwabalandeli baKhe. Ukuphakanyiswa akunikanga uJesu isikhundla ayekade engenaso ngaphambili (Johane 1:1-3, 17:5). Kunalokho, kwakusho ukuvuma kukaYise ilungelo laKhe lokuba yiNkosi noMsindisi (IZenzo 2:36). Lesigameko empeleni sisiletha kwenye yezingqikithi ezibaluleke kakhulu eMibhalweni: impi ekhona phakathi kokulunga nobubi. Iqiniso ukuthi uMoya wayengeke afike ngokugcwele ukuba uJesu wayengaphakanyiswanga (Johane 7:39), futhi uJesu wayengeke aphakanyiswe ukuba wayenganqobanga esiphambanweni (Johane 17:4, 5). Ngamanye amazwi, ukuphakanyiswa kukaJesu kwakuwumbandela wokufika kukaMoya ngoba kwakusho ukwamukela kukaNkulunkulu okwazuzwa uJesu esiphambanweni, okuhlanganisa ukunqoba lowo owayeqhwage umbuso walomhlaba (Johane 12:31).

Ukungena kwesono emhlabeni kwabeka ithunzi elimnyama kuNkulunkulu. Ukufa kukaJesu kwakudingeka, hhayi kuphela ukuhlenga abantu, kodwa nokuhlanza igama likaNkulunkulu, aveze obala inkohliso kaSathane. Ngokusebenza kukaJesu, isikhathi sosindiso sasesisebenza (Luka 4:18-21). Ngesikhathi ekhipha amadimoni noma ethethelela izono, wayekhulula iziboshwa zikaSathane. Kodwa, yisiphambano esamnika igunya eliphelele lokwenza lokho. Ngakhoke, ngesikhathi umhlatshelo kaKrestu uqiniswa ezulwini, uSathane wagqenywa ingozi engeqiwa ntwala, noMoya wawuthululwa ukulungisela abantu ukuza kukaKrestu.

Ulibo

Ababelalele uPetru bahlabeka ezinhliziyweni ngamazwi akhe. Abanye babo kunokwenzeka ukuthi babeyinxenye yalabo emasontweni ambalwa-nje ngaphambili ababethi akabethelwe uJesu (Luka 23:13-25). Kodwa manje, sebeqinisekile ukuthi uJesu waseNazaretha nangempela uMesiya okhethwe uNkulunkulu, bakhala ngokudabuka bethi: "Siyakwenzani ukuze sisindiswe?" (IZenzo 2:37).

Funda IZenzo 2:38. Yiziphi izinto ezimbili eziyisisekelo ukuze kube khona ukuthethelelwa?

Ukuphenduka kusho ukushintsha indlela obewuphila ngayo, ukufulathela isono (IZenzo 3:19, 26:20), kunokudabuka-nje noma ukuzisola. Kuhlangene nokukholwa, ukuphenduka kweqiniso kuyisipho sikaNkulunkulu, kodwa njengazo zonke izipho, umuntu angasenqaba (IZenzo 5:31-33, 26:19-21, Rom. 2:4). Kusukela ngesikhathi sikaJohane uMbhabhadisi, ukuphenduka kwakuhambisana nombhabhadiso (Marko 1:4). Okusho ukuthi umbhabhadiso wawuyisibonakaliso sokuphenduka, inkonzo engumfanekiso wokugezwa kwezono nokwenziwa busha kwesimilo okwenziwa uMoya oNgcwele (IZenzo 2:38, 22:16; qhathanisa noThithu 3:5-7).

Funda IZenzo 2:38, 39. Yisiphi isithembiso esikhethekile esinikwe labo abaphendukayo baze babhabhadiswe na?

Abantu ngomhla wePhentekoste abathenjiswanga kuphela ukuthethelelwa kwezono, kodwa nokugcwala kukaMoya ukuze bakhule enkolweni, basebenzele ibandla, kakhulukazi uthumo lwalo. Lesi kwakuyisona sibusiso esikhulu kunazo zonke, ngoba isizathu esikhulu sokuba khona kwebandla ukwabelana nabanye ngezindaba ezimnandi (1 Petru 2:9). Ngakhoke, kusukela ngaleso sikhathi kuye phambili, babezokuba nesiqiniseko sokusindiswa kanye namandla kaMoya oNgcwele owayezobapha amandla okwenza umsebenzi elithunywe wona ibandla.

Kubaluleke ngani ukwazi ukuthi "sithethelelwe izono" kumuntu ofuna ukumemezela ivangeli? Vele phela, yithemba lini ongalinika abanye kuJesu uma wena uqobo ungenalo?

Ukujula Nomcabango:

Ukuthululwa kukaMoya oNgcwele ngePhentekoste kwatshengisa iqiniso elimqoka ngalokho okwenzeka ezulwini nokuthi uNkulunkulu uBaba wawamukela umhlatshelo kaKrestu owenzelwa izono zomhlaba. Ukuthululwa kukaMoya kwabuye kwatshengisa ukuthi umsebenzi kaKrestu asenzela wona ezulwini ngokuzinikela kwaKhe lapha emhlabeni, waqalwa ngokusemthethweni. Lezehlakalo ezethusayo ziwukubonakaliswa kweqiniso elimangalisayo elithi izulu nomhlaba kuxhumene ngezindlela esingekwazi ukuziqonda okwamanje. "Ukwenyukela kukaKrestu ezulwini kwakuluphawu lokuthi abalandeli baKhe babezokwamukela isibusiso esasithenjisiwe. Ngesikhathi uKrestu engena emasangweni asezulwini, wethweswa umqhele phakathi kwendumiso yezingelosi. Masinyane-nje ngemuva kokuphela kwalowo msebenzi, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabafundi ngendlela enamandla, uKrestu wadunyiswa ngodumo ayekade enalo noYise kusukela ekuqaleni. Ukuthululwa kukaMoya ngePhentekoste kwakuyindlela yezulu yokusho ukuthi ukugcotshwa ngokusemthethweni koMsindisi kufeziwe. Ngokwesithembiso saKhe, wamthumela kubafundi baKhe uMoya oNgcwele evela ezulwini njengophawu lokuthi njengompristi neNkosi, olamukele lonke igunya ezulwini nasemhlabeni, nokuthi unguye oGcotshiweyo phezu kwabantu baKhe."—Ellen G. White, *The Acts of the Apostles,* pp. 38, 39.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Yini ethathelwa kwiPhentekoste ibandla elingalindela ukuba nayo empilweni yalo namhlanje? Yini engaphindeka, futhi yini engeke yaphindeka?

2. Ake ugxile kuleliqiniso lokuthi uPetru wenza uvuko lukaJesu lwaba yinxenye ebaluleke kangaka yesigijimi sakhe sangePhentekoste. Okwenza uvuko lumangalise nangaphezulu ukuthi noma yikuphi okwakulindelwe amaJuda ngoMesiya ngaleso sikhathi, akekho owayelindele ukuvuswa kukaMesiya ekufeni. Akukho muntu owayecabanga ngalokho; kwakungesikho lokho labo ababelindele ukufika kukaMesiya ababecabanga ngakho. Singafunda zifundo zini kulokhu ngokufundiswa yiBhayibheli esidinga ukukwazi, ngokuphikisana nanoma yiziphi izimfundiso ezidumile?

3. IZenzo 2:38 zikhulume ngesidingo sokubhabhadiswa. Ngabe lokho kusho ukuthi umuntu owayekholwa kuJesu kodwa wafa engakabhabhadiswa ngeke asindiswe? Nika izizathu zempendulo yakho.